MISSIONARY CHILDHOOD - FAITH IN ACTION -

South Africa
Botswana
Eswatini

# Missionary Childhood Imizindlo yemindeni yamaViki eNkathi yokuZila ngo 2024

Mindeni ethandekayo,

Njengoba sisohambweni kulenkathi yokuZila, siyanimema ukuba nibe nohambo olungcwele ndawonye ningumndeni. Lenkathi yokuZila isinika ithuba lokuba sizihlolisise, sikhule ngokomoya futhi sivuseleleke njengoba silungisa izinhliziyo zethu ukuba sikhumbule ukuhlupheka, ukufa kanye nokuvuka kukaJesu Kristo.

Ikhalenda yoMndeni yeNkathi yokuZila ihlelwe ngendlela yokuthi kube lula ukuthi ube yingxenye yezomoya, nezenzo zokuzinikela, kanye nezikhathi zokuzindla ngalezinsuku ezingamashumi amane zokuZila. Ngokuthi ube yingxenye yalokhu kwenza ngazo zonke izinsuku, siyathemba ukuthi uzokujulisa ukuxhumana noNkulunkulu kanye nabanye abantu, ukuze kube nomoya wothando, uzwelo, kanye nobumbano emndeni wakho.

Ngeviki ngalinye kuyoba khona isiqubulo esihlukile, esizobe sithathwe ezifundweni zangalelo Sonto laleNkathi. Khona nokuthile okungenziwa okuhambisana nezidingo ezithile zomndeni wakho. Kungaba izenzo zobumnene, ukuchitha isikhathi emkhulekweni kanye nasekuzindleni, noma ukuba nezingxoxo mayelana nokholo kanye nokuzinikela, sengathi lekhalenda ingasiza ekunikhuthazeni kuloluhambo.

Njengoba niba yingxenye yalezenzo, thathani isikhathi ningumndeni nisondele kuNkulunkulu nisondelane nani, nithembe egrasiyeni lakhe elingenamkhawulo kanye nasesihawini sakhe. Sengathi leNkathi yokuZila ingaba ngeyokuguquka okukhulu ibe ngeyokuvuseleleka kwezomoya komndeni, njengoba nihamba nonke ngokholo, ngothando kanye nokubumbana.

ISonto lokuqala: 18 February 2024
Isiqubulo: ukuthola uNkulunkulu ehlane

# Ikhalenda yeNkathi yokuZila Yomndeni : Iviki lokuqala

## ISIFUNDO SEBHAYIBHELI

**IVangeli: Mark 1:2-15:**

"Masinyane uMoya wayesemqhubela ehlane. Wayekhona ehlane izinsuku ezingamashumi amane elingwa nguSathane; wayendawonye nezilwane; izingelosi zamkhonza."

## UMZINDLO

Ihlane liyindawo enobungozi futhi uzithola uwedwa uma ukuyo kodwa, okubaluleke kakhulu, liyindawo yokufuna ngokumangala uNKulunkulu? KuJesu ihlathi liyindawo yokukhuleka okwamsondeza kakhulu nosathane. Ziyafika izikhathi lapho sizithola sisodwana, sihlaselwa, siphendukela kubani ukuze sisizakale? Ngenkathi usathane efika kuJesu, uNkulunkulu wathumela iNgelosi kuJesu, uJesu wazizwa engeyedwanga. Siyamenywa ukuba sizibone izandla zikaNkulunkulu zisibumba lapho sibhekene nezimo ezithile empilweni, siyazizwa zisingenisa oxolweni kanye nasemandleni kaNkulunkulu ngomkhuleko. Ngabe uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuseka ngendlela aseka ngayo uJesu ukuze anqobe usathane?

## UMKHULEKO

Ngegama likaYise, beneNdodana kanye noMoya oCwebileyo

Baba waseZulwini, siyakubonga ngokuseseka njalo ngezikhathi ezinzima. Siyakubonga ngokuba khona kwezingelosi ezimpilweni zethu. Nkulunkulu othandekayo, ngiphe isibindi sokuthi ngihlale esithembisweni sakho sokuthi awusoze wangishiya. Ngiphe ukholo lokuthi ngithembele ebukhoneni bakho zonke izinsuku zokuphila kwami. Ngiyakhuleka ngoJesu Kristo iNkosi yethu.

Amen

## OKUNGENZIWA

- ✓ NgoMsombuluko: Khuleka irosari
- ✓ NgoLwesibili: Vakashela abadala NgoLwesithathu: Siza odingayo
- ✓ NgoLwesine: Yiya eMiseni
- ✓ NgoLwesihlanu: Vuma izono uye nasendleleni yonqamlezo
- ✓ NgoMgqibelo: Yiba mnene ngamazwi namhlanje.

**Isonto lesibili: 25 February 2024**
Isiqubulo: udumo lukaJesu lungudumo lothando

# Ikhalenda yeNkathi yokuZila Yomndeni: Iviki lesibili

## ISIFUNDO SEBHAYIBHELI

**IVangeli - Mark 9:2-10:**

"Lona uyindodana yami. Mulaleleni."

## UMZINDLO

Entabeni mhla uJesu eguquka isimo, abaPhostoli babona udumo lwangempela lukaJesu. Lokhu abakubona kuzohlala nabo njalo. IZwi laveza ubunjalo bangempela bukaJesu labatshela ukuthi "bamlalele yena." Kumele senze isikhathi sizindle sikhuleke buthule lapho sizothola ubuhle bukaJesu Kristo. Yilawa mandla kuphela angasisiza ukuba simlalele sonke isikhathi.

## UMKHULEKO

Ngegama likaYise, beneNdodana kanye noMoya oCwebileyo.
Baba wasezulwini, ngiphe amandla ungisize ngibe nokukholwa. Ngiphe igrasiya lokuthi ngidlondlobalise ubudlelwane bami nawe ngomkhuleko ukuze ngikwazi kangcono, nokuthi ngilalele amazwi akho. Lokhu ngikucela ngoJesu Kristo, iNkosi yethu.
Amen

## OKUNGENZIWA

- ✓ NgoMsombuluko: Ningumndeni Ake nixoxe ngokuguquguquka
- ✓ Ngolwesibili: Awuke uthule imizuzu eyishumi nahlanu
- ✓ Ngolwesithathu: Ake uzindle ngaleliverse Mark 9:7
- ✓ Ngolwesine: Khombisa ubumnene elungwini lomndeni
- ✓ Ngolwesihlanu: Vuma izono uye nasendleleni yonqamlezo
- ✓ NgoMgqibelo: Vakashela ikhaya labadala.

**ISonto lesithathu: 3 March 2024**
**Isiqubulo: uJesu iThempeli elisha**

# Ikhalenda yeNkathi yokuZila Yomndeni: Iviki lesithathu

## ISIFUNDO SEBHAYIBHELI

**IVangeli: John 2: 13-25**

Lalisondele iPhasika labaJuda; uJesu wakhuphukela eJerusalema. Wafumana ethempeleni abathengisa ngezinkomo nangezimvu nangamajuba, nabahlezi beshintsha imali. Wayesenza inkalivasi ngezintambo, wachitha imali yabashintshayo wagumbuqela amatafula, wathi kwabathengisa ngamajuba: “Susani lokhu lapha, ningayenzi indlu kaBaba indlu yokuthengelana.” Abafundi bakhe bakhumbula ukuba kulotshiwe ukuthi: “ukushisekela indlu yakho kuyangidla.”

## UMZINDLO

UJesu lwalumshisa uthando lwendlu kaBaba wakhe wacasuka wakhipha abathengisayo kanye nalabo abashintshana ngemali eThempelini. Lamadoda ayesebenzisa abampofu, bekhuphula amanani ezilwane, beshintshana ngemali ngamanani aphezulu.
Lesi senzo sacasula abaphathi besinagogue, bahlela ukumbulala uJesu.
Siyamenywa ukuba sihlanze imiphefumulo yethu nemizimba yethu, singazibandakanyi nokukhohlakala, ukungabi khona kobulungiswa, kanye nokunye okuphikisana nemizimba kanye nemiphefumulo yethu. Siyamenywa ukuba sihloniphe futhi sinakekele ithempeli, okuyindawo yokukhonza.

## UMKHULEKO

Ngegama likaYise, beneNodadana noMoya oCwebileyo.

Baba wethu oseZulwini othandekayo, siyakubonga ngokuba wasinika uJesu, ithempeli langempela. Sithethelele ngezikhathi lapho singayikhombisanga intshisekelo yendlu yakho. Hlanza izinhliziyo zethu bese uvuthisa izinhliziyo zethu ukuze sithande okwakho. Lokhu sikucela ngoJesu Kristo indodana yakho.

Amen

## OKUNGENZIWA

- ✓ NgoMsombuluko: Khulumani ngokuba neqiniso ningumndeni
- ✓ NgoIwesibili: Thula imizuzu engamashumi amahlanu namhlanje.
- ✓ NgoIwesithathu: Khulekela abantwana bomhlaba wonke
- ✓ NgoLwesine: Khombisa ubumnene kumuntu ongamazi
- ✓ NgoIwesihlanu: Vuma izono bese uya nasendleleni yonqamlezo
- ✓ NgoMgqibelo: Hlanza igceke leSonto

# Ikhalenda yeNkathi yokuZila Yomndeni: Iviki lesine

ISonto lesine: 10 March 2024
Isiqubulo: Wonke okholelwa kimi uyophila naphakade

## ISIFUNDO SEBHAYIBHELI

**IVangeli: John 3:14-21**

Njengokuba uMose waphakamisa inyoka ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imele ukuphakanyiswa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo abe nokuphila okuphakade. Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade.

## UMZINDLO

Siyakhunjuzwa ngothando olukhulu uNkulunkulu analo ngabantu bakhe kangangokuthi wanikela ngeNdodana yakhe eyodwa eyasifela ukufa okulihlazo ukuze sisindiswe. UJesu wazela uthando ukuze kube khona ukuxolelwa. Waletha Ubuntu obabuveza isono. Angeke sisakwazi ukucasha ebumnyameni ngoba sesibuyisiwe, sesiphulukisiwe sinoxolo ngenxa yothando. UJesu uyasimema ukuba sihambe ekukhanyeni sibone uxolo nenkululeko okwalethwa ngukusifela kwakhe. Masiphilisane nabanye ngothando olufanayo lukaJesu.

## UMKHULEKO

Ngegama likaYise beneNdodana noMoya oCwebileyo.

Baba wethu oseZulwini, ngiyakubonga ngohlelo lwakho lwensindiso. Ngiyakubonga ngokuthumela iNdodana yakho eyasisindisa ngegazi layo eliligugu. Siphe ukuba sikubonge njalo ukusindiswa futhi siphile ekukhanyeni kwakho njalo. Sicela lokhu ngoJesu iNkosi yethu.

Amen

## OKUNGENZIWA

- ✓ NgoMsombuluko: Yabelanani ngokholo ningumndeni
- ✓ NgoLwesibili: Yenzela owaseBandleni okuthile
- ✓ NgoLwesithathu: Thula imizuzu eyishumi nanhlanu namhlanje
- ✓ Ngolwesine: Khombisa uthando elungeni lomndeni
- ✓ NgoLwesihlanu: Vuma izono bese uya nasendleleni yonqamlezo
- ✓ NgoMgqibelo: Shono imfihlo yeRosari namhlanje

ISonto lesihlanu: 17 March 2024
Isiqubulo: Selifikile ihora

# Ikhalenda yeNkathi yokuZila Yomndeni: Iviki lesihlanu

## ISIFUNDO SEBHAYIBHELI

**IVangeli: John 12:20-33**

Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini ingafi, ihlala yodwa; kepha uma ifa, ithela izithelo eziningi. Lowo othanda ukuphila kwakhe ulahlekelwa yikho, nozonda ukuphila kwakhe kuleli zwe uyakukulondela ukuphila kwaphakade.

## UMZINDLO

Umyalezo obalulekile ngukuthi ezinsukwini zokugcina uJesu wasilethela usindiso: ukuboshwa kwakhe, ukunqanyulelezwa kwakhe, ukufa kwakhe, ukuvuka kanye nokunyuka kwakhe UJesu kwakumele akwamukele ukufa ukuze asiphe ukuphila. Leli yihora, injongo yokuza kwakhe emhlabeni. Ngabe sizimisele yini ukumlandela siye eCalvary ukuze sithele izithelo? Ngabe sibhekana kanjani nesikhathi lapho sinokungaqondi futhi singamukelwa.

## UMKHULEKO

Ngegama likaYise beneNdodana noMoya oCwebileyo.

Nkosi Jesu, sisize ukuba sihlukane nomoya wokuthi sihlala senze okuyikho. Sifundise ukuba sizamukele izikhathi lapho singaqondi okufika nokukulandela. Sengathi singama ngakuwe, sithembele ebukhoneni bakho obungcwele. Sicela lokhu ngoKristo.

Amen

## OKUNGENZIWA

- ✓ NgoMsombuluko: Khuluma ngoshintsho olulethwe yinkathi yokuzila emndenini wakho
- ✓ NgoLwesibili: Thula imizuzu eyishumi nanhlanu namhlanje
- ✓ Ngolwesithathu: khuleka iRosari
- ✓ Ngolwesine: Khombisa uthando elungeni lomndeni
- ✓ NgoLwesihlanu: Vuma izono bese uya nasendleleni yonqamlezo
- ✓ NgoMgqibelo: Siza esontweni ngokupha ukudla noma siza iqembu elisebenzela abampofu

# Ikhalenda yeNkathi yokuZila Yomndeni: Iviki lesithupha

**NgeSonto lamaSundu: 24 March 2024**
**Isiqubulo: Ukunikela ngakho konke yikho okubalulekile**

## ISIFUNDO SEBHAYIBHELI

**IVangeli: Mark 14:1-15,47**

Emva kwezinsuku ezimbili kwaba khons iPhasika nomkhosi wesinkwa esingenamvubelo; abapristi abakhulu nababhali bafuna isu lokumbamba nobuqili, bambulale. “Makungabi ngomkhosi, kungaze kube khona isiyaluyalu esizweni.”

Kwathi eseBethaniya endlini kaSimoni owayenochoko, ehlezi ekudleni, kwafika owesifazane ephethe umfuma we-alabaste wamafutha enadi lodwa elibiza kakhulu; wachobozela umfuma wathela amafutha ekhanda lakhe.

## UMZINDLO

Endabeni yomfelokazi owanikela ngokokugcina ayenakho kanye naleyo yowesifazane wamakha abizayo, uJesu wafundisa abafundi bakhe ukuthi isenzo sokupha asibalulekile kodwa okubalulekile ukupha ngakho konke onakho empilweni? Ngendlela efanayo, uJesu uzonikela ngempilo yakhe esiphambanweni. Ngabe yini ebalulekile kuwe, onganikela ngayo kulenkathi nakuleliviki elingcwele ezokusiza ukuba uzinikele ngokuphelele kuJesu.

## UMKHULEKO

Ngegama likaYise beneNdodana noMoya oCwebileyo.

Nkosi yenza konke esikwenza kuleliviki kube ngokufiswa nguwe. Sisize ukuba sibonge. Nkosi, siphe ukholo kanye nethemba emuseni nokuxolela kwakho okungapheliyo. Sengathi leliviki eliNgcwele lingaba yisikhathi esicwebile kithi. Sisize singene ngokuphelele emigubheni ezosibona sithokozela ukuVuka ngeSonto lePhasika. Sicela ngoKristo iNkosi yethu.

Amen

## OKUNGENZIWA

- ✓ NgoMsombuluko: Khulumani ngokuthi nizoqhubeka kanjani nenza imikhuleko.
- ✓ NgoLwesibili: Thula imizuzu eyishumi nanhlanu namhlanje
- ✓ Ngolwesithathu:: Funda ngomsebenzi wobuthunywa lana (https://www.ppoomm.va/en .html
- ✓ Ngolwesine: Khombisa uthando elungeni lomndeni
- ✓ NgoLwesihlanu: Vuma izono bese uya nasendleleni yonqamlezo
- ✓ NgoMgqibelo: Yiba mnene ngamazwi namhlanje.